

Speech by KZN HEALTH MEC Neliswa Nkonyeni upon
the launch of the Voluntary Counselling and Testing
campaign at KK Hostels KwaDabeka.

16 March 2007

Rev L Mandindi

Our Committed Partners, Ukhozi Station Manager—
Baba Bhodloza

Mayor of Ethekwini—CLLR Obed Mlaba

Chair of Health Portfolio Comm—Mama Ludidi

Ethekwini District Manager-- Timmy Msiza

MASIQALE NGOKUPHAKAMISELA AMEHLO ETHU
KUMDALI SICELELE UNGQONGQOSHE WETHU UDR
MANTO SHABALALA MSIMANG UKULULAMA

OKUSHESHAYO. Speech by KZN HEALTH MEC Neliswa Nkonyeni upon

Lapha siphethe umkhankaso wokugqugquzulela
bonke abahlali balelizwe ukuthi beze phambili
bazozihlola, bazi ukuthi isimo sabo sime njani
ngalomshikashika we Ngculazi.

Ukhozi FM sisebenza nalo ngoba siyazi ukuthi lufinyelela kuzo zonke izindawo nakulezo esizithatha ngama **HIGH RISK TRANSMISSION AREAS** okubalwa amahostela, amajoyinti kanye nakulezo ndawo ezihanjwa yilabo abadayisa ngemizimba.

Ingqikithi yodaba esihamba ngayo ithi:

KNOWLEDGE IS POWER –KNOW YOUR STATUS

Kulezinsuku ezimbili ezidlule singabaholi bezepolitiki; siyizinhlangano ezizimele; kanye nalezo zabantu esebaphila naleligciwani; singochwepheshe ngokwezokulapha besihlangene eBoksburg, e Gauteng sizovumelana ngazwi linye nge **NATIONAL STRATEGIC PLAN FOR HIV AND AIDS AND SEXUALLY TRANSMITTED INFECTIONS**. Lapha besibheka imizamo okufanele ilandelwe kuthenwa amandla lesisifo esingumbulalazwe.

Kuyaqala ngqa ukuthi zonke lezinhlango zivumelane ngohlelo okufanele lundelwe nokuyinto ezokwenzeka kuleminyaka emihlanu ezayo. Uhulumeni usewushayile phansi u **R14 billion** wathi imali ezokhishwa kuleminyaka emihlanu ezayo. Izinhlangano ezizimele kanye nosomambizini nabo basazofaka elabo igalelo njengaloku kubhekeke ukuthi kugcine kunesamba sika **R45 billion** ukubhekana nje ngqo nengculazi.

SIZOYINQOBA LENGCULAZI!

Lapha kuphinde kwavunyelwana ngelokuthi bonke laba abaphathekile kufanele bathole usizo. Usizo lapha ke luqala ngokuthi umuntu azazi isimo sakhe: **VOLUNTARY COUNSELLING AND TESTING.**

Usizo lolu esikhuluma ngalo lufaka izeluleko zokuthi:

- Uma ungenalo igciwane, zithibe
- Thembeka kulona othandana naye, naye athembeke kuwe
- Ungalwenzi ucansi olungakhuselekile
- Yiya emtholampilo nothandana naye nizelaphe izifo zocansi.
- Yazi nanokuthi isifo se TB siyelapheka noma ngabe usuphila negciwane lengculazi
- Yazi ukuthi kuyicala elibomvu ukusulela umuntu ngegculazi uma sewazi ukuthi unayo.

Umnyango weZeMpilo kulesifunda uzimisele futhi ukulungele ukunakekela bonke abahlali abaphathekile.

Kumanje sesisithathile isinqumo sokuthi bonke abantu abathola **imishanguzo** kanye nalabo abadla imithi yokulwisana nesifo sofuba sibanikeze ama **NUTRITIONAL PACKS** azosiza ukuthi babe nokudla

eziswini uma bethatha lemithi kanye nokubhekelela ukusimama kwemizimba yabo ngokugcwele.

Ngiyaphinda ngithi usizo lukhona, ungabe usaquba kanti ukuyazisola ukuthi uphathekile. Kuyo yonke imitholampilo yethu lutholakala mahhala usizo lwe:

VCT and PMTCT

Bakwethu asingabe sizadlulisela leligciwane kubantwana isidingo singekho.

Ezindaweni nje ezakhelene nalendawo yakwa Dabeka ziyishumi nanhlanu izikhungo lapho abantu bangayothola khona usizo kubalwa:

- KwaDabeka CHC
- Hlengisiwe
- Clermont
- New Germany
- Kwa Ndengezi
- Pinetown Clinic

Kuyo futhi lendawo sinezizinda ezine ezikhipha zinikezele ngemishanguzo yama ARVs:

- KwaDabeka CHC
- ST Marys Hospital
- R. K. Khan
- Don Mckenzie [newly accredited]

Lezindawo kanye nzikhungo ngizibala ngoba ngifuna
kucace ukuthi usizo lukhona. SinguMnyango siyazi
ukuthi abahlali abakhele nalendawo babalelwa ku
200 000 kodwa okusidumazayo ukuthi kulezinyanga
ezine ezadlule bangu 3474 kuphela abantu abeze
phambili bazohlola.

Masibambisaneni SIKUSHINTSHENI KONKE LOKU.

PHANSI NOKUHLUKUNYEZWA KWABANTWANA

PHANSI NOKUDLWENGULWA KWABESIFAZANE

PHAMBILI NGENGQUBEKELA PHAMBILI KANYE
NOKUSEBENZISA AMATHUBA ALETHWE INTANDO
YENINGI.

“Knowledge is Power: Know Your Status!”